**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNZ BHEKI CELE EMCIMBINI WAMACHOICE NUMBERS NGOMHLAKA 01 NOVEMBER 2007**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Uhlelo lokuzikhethela izinombolo zemoto, esithi i-Personalised Licence Numbers, lungolunye lwezinhlelo esezibe yimpumelelo enkulu kulo Mnyango. Njengakwezinye izinhlelo eziningi, isifundfazwe saKwaZulu-Natal saba ngesokuqala ezweni ukukhipha izinombolo zokuzikhethela. Ezinye izifundazwe zabe sezilandela ngemuva kwethu.

- Ukwethulwa kwe-Personalised Licence Numbers, Kwazulu-Natal kwakusekeleke embonweni woMnyango wokungagcini nje ngokunika abantu ithuba lokuzikhethela izinombolo zezimoto zabo, kodwa nokuqoqa imali edingeka kakhulu ukuze kwakhiwe imigwaqo yasemakhaya, emiphakathini eyayincishwe amathuba phambilini, kulesi fundazwe.

- Ekulungiseleleni lolu hlelo, uMnyango wenza ucwaningo olunzulu wahambela naphesheya kwezilwandle ngoMay 1996, ukuyobheka izindlela ezingasetshenziswa ekwenzeni lolu hlelo luhambisane nesimo saseNingizimu Afrika.

- Ngenkathi kubhekwa ukuthi angabiza malini ama-number plate, owayephethe ezokuThutha manje osenguNdunankulu, wacasisa kahle ukuthi kumele "athengeke kumuntu nje ojwayelekile". Wabe esebuza ukuthi "imalini isudi ekahle kulezi zinsuku", kwathi uma etshelwa ukuthi u-R1500-00, wathi "iyona imali okuzoba ngeyezinombolo".

- NgoNovember 1996 iKhabhinethi lesiFundazwe lawemukela lo mqondo.

- Ukudayiswa kwalezi zinombolo, okunika abanikazi bezimoto ithuba lokuziqambela izimoto zabo, kwaqala ngoMarch 1997, ngenombolo yokuqala ethi 1 ZN, eyesibili yathi 786 ZN, kwalandela ethi SHARK ZN, DK 11 ZN nethi BADBOY. ZN.

- Ama-number plate uqobo akhiqizwa yinkampani engaphansi kohlelo lokufukulwa kwabamnyama kwezomnotho, eqashwa ngokulandela uhlelo lwethenda. Izinto ezisetshenziswa ekwakheni ama-plate zihloliwe zagunyazwa yiS.A.B.S.

- Izinto ezisetshenziswayo zenza futhi kube lula ukuthi ikhamera ithwebule ukuze kugcineke umthetho. Okunye futhi, i-number plate inezinto ezingabonakali kalula ngemehlo enyama ezenzelwe ukubhekela ukuvikeleka.

- Labo abasebenzisa izinombolo ezingekho emthethweni bayabanjwa baboshwe bahlawuliswe imali engafinyelela ku-R4000-00.

- Ekuqaleni inombolo yayinqunyelwe ukuthi ingadluli ezinhlamvini eziyisithupha, kodwa sezikhushuliwe zaba yisikhombisa ukuze kubhekeleke nolimi lwesiZulu.

- Impumelelo yalolu hlelo isingaphezulu kakhulu kwalokho okwakulindelwe. Phambilini bekudayiswa izinombolo ezibalelwa ku-150 ngenyanga, kodwa isibalo senyuke saba ngaphezulu kuka-600, kulezi zinyanga ezimbili ezedlule.

- Kuze kube namhlanje, sekuqoqwe imali engaphezulu kuka-**R100 Million** ngalolu hlelo.

- Okungijabulisayo ngukuthi azikho izinkampani zangaphandle ezisidayiselayo. Ngakho-ke ukuphumelela kwalolu hlelo kungumphumela wokusebenza kahle koMnyango ekudayiseni izinto zawo.

**Ngiyabonga**